



**basic education**

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# **NATIONAL ASSESSMENT GENERAL EDUCATION CERTIFICATE (GEC)**

## **2023 GRADE 9 PILOT STUDY**

Isifundo: IsiZulu Ulimi Lwasekhaya (HL)

Amamaki: 70

Isikhathi: Imizuzu eyi -150

**ngaphandle** kwemizuzu eyi-15 yokufunda

**Lesi sivivinyo sinamakhasi angama 25, ngaphandle kwaleli khasi.**



### **Imiyalelo kumfundi**

1. Unikezwe imizuzu eyi-15 yokufunda ngaphambi kokuqala isivivinyo.
2. Fundisisa yonke imiyalelo nemibuzo ngokucophelela.
3. Phendula yonke imibuzo.
4. Sebenzisa incwajana oyinikeziwe ukuphendula yonke imibuzo.

**Ukuhlola kuqala ekhasini elilandelayo.**




**Ungaqali ukubhala ungakatshelwa.**

## Umbuzo 1: Isifundo sokuqondisisa

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### Maye! Ngabangani abatholakala ezinkundleni zokuxhumana



- 1 Seziziningi izinkundla zokuxhumana singabala u-WhatsApp, u-Twitter, u- Instagram, u-Facebook kanye nezinye. Kulezi zinkundla zokuxhumana kubizwana “ngabangani”. Lokhu kushiya umbuzo othi bayibo yini abangani? Iningi lentsha ithi uma isingenile kulezi zinkundla zokuxhumana yenze isiqiniseko sokuthi eminyakeni emibili yokuqala ithola abangani abaningi. Lokho kubenza bazishaye isifuba, bazigqaje, baziqhayise ngokuba nabangani abaningi. Kuze kufike lapho beqophisana khona ngenani labangani asebenabo. Kungabe abangani bangempela na?
- 2 Abangani abenziwa ezinkundleni zokuxhumana abaveli bengabangani abangathenjwa ngoba abazivezi ngokwethembeka. Kungakho bethi ungabomethemba umuntu ubothemba itshe. Itshe angeke lisuke lapho osuke ulibeke khona. Omunye usuke engumuntu wesilisa okhulile kodwa aziveze ezinkundleni zokuxhumana njengentombazanyana ezokwenza ubungani nenye intombazane aze afake nesithombe esiveza ubuso bentombazane, okungelona iqiniso. Abantu abasha bayazifaka ogibeni ngokwamukela lobu bungani ababenza nabantu abangabazi. Bangene shi ogibeni.
- 3 Lobu bungozi singabufanisa nokucela ukugitshezwa ezimotweni zabantu ongabazi, futhi ungazi nokuthi balibangisephi. Abantu abasha abaningi bangena kulolu gibe ngenxa yokunganaki. Abanye baze bavumele ukumenywa ezindaweni zokuzijabulisa ngabantu abaxhumana nabo kulezi zinkundla. Kwesinye isikhathi bagcina belandelwa abantu abangabazi, imigulukudu uqobo abachukuluzi kanye nezidlamlilo zibesabisa. Izingane ziba nokuzifihla lezi zehlakalo kanti sezigaxele. Lobu bungozi akufanele bushaywe indiva.
- 4 “Bazali, musani ukulala ubuthongo izingane zibe zingena enkingeni.” Abazali mabaxoxisane nezingane ngemithetho yokusetshenziswa komakhalekhukhwini, amathabulethe, amakhompuyutha kanye nokunye, ngobuhle nobubi balezi zinsiza zokuxhumana. Kufanele babugqamise ubungozi obukuzo uma zisetshenziswa ngendlela engafanele. Ikhona nemigudu engalandelwa ukuvimbela ukuba izingane zingangeni

kumasayithi anobungozi angagcina ezidonsela amanzi ngomsele. Qikelela ukuthi lama sayithi awavuleki ezinganeni. Akesenyuse izinga lokunakekela izingane nokusetshenziswa kwalezi zinkundla zokuxhumana bazali. Asakhe ubudlelwane nezingane zethu ukuze zibone ukuthi sifisa ukuziphephisa, hhayi ukungena ezimfihlweni zabo. Lapho sikucacisa lokhu ezinganeni angeke sibulimaze ubudlelwane esisuke sibakhile nazo, futhi zingasethemba.

5 Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule kuvele ephaphandabeni ukuthi intombazanyana imenywe umngani “mbumbulu” ku-Facebook eyimemela ukuba bayodla isidlo sasemini ehhotela elithile. Ingwijikhwebu, umzali wale ntombazanyana uyaye njalo avule umakhalekhukhwini wendodakazi yakhe ukubheka konke ekwenzayo. Waluthola kanjalo-ke lolu daba lokumenywa kwendodakazi yakhe imenywa yilo mngani “mbumbulu”. Wabe esethintana nabazali babangani bendodakazi yakhe abaziyo ebuzisisa ngalolu daba lwalesi simemo ukuthi banalo yini ulwazi ngalo. Washaqeka lapho ethola izimpendulo ezazivela kulabo bazali. Kwatholakala ukuthi umuntu oyimemile akaziwa. Habe! Kube sekukhanya bha ukuthi oyimemile akasiye umngani.

6 Umzali wabe esefuna ukwazi kabanzi ngalo mngani “mbumbulu” wazenzela uphenyo lwakhe lwangasese wathola ukuthi isigelekeqe esibalwa ezenzweni zokuhlukumeza, ukudlwengula, ukushushumbiswa kwabantu, ukudayiswa kwezidakamizwa kanye nokubulala. Kwakuyimpisi ngempela eyayigqoke isikhumba semvu. Kwabe sekuvela ukuthi lesi sigebengu sikhona emphakathini wabo. Ube esexwayisa abanye abazali ngakutholile mayelana nalo mngani “mbumbulu”. Uphinde walubika lolu daba ku-Facebook, wabe eselekelela indodakazi yakhe ukuba iphume kubangani engabazi kuzo zonke izinkundla zokuxhumana.

7 Izingane esezizifake kulobu bungozi akuqinisekise ukuthi ziyabuyeka. Kubalulekile ukuthi izingane zikwazi ukugwema ubungani obunobungozi ezitholana nabo ezinkundleni zokuxhumana, zilalele uma zixwayiswa ngoba isalakutshelwa sibona ngomopho. Lokhu kuyisixwayiso kubo bonke abazali ukuthi izingane azingabenzi ubungani ezinkundleni zokuxhumana nabantu ezingabazi. Lokhu kuzoyiphephisa impilo yazo kulobu bundlobongela, ukuze zihlale ziqaphele futhi ziphephile.

[Sicashunwe ephaphandabeni iSolezwe saphinde sahlalelwa kabusha]

- 1.1 Sikhuluma ngani lesi siqeshana?
- A Ukuxhumana nawo wonke umuntu ku-Facebook.
  - B Sidinga i-inthanethi ukuze sixhumane.
  - C Ukuqhosha ngokuba nabangani abaningi ku-Facebook.
  - D Izinkundla zokuxhumana nobungozi bazo. (1)
- 1.2 Ingabe lesi siqeshana sicashunwe kuphi?
- A kuwebhu
  - B ephephandabeni
  - C ephephabhukwini
  - D encwadini (1)
- 1.3 Ichaza ukuthini le nkulumo, 'bayazifaka ogibeni'?
- A Ukuzifaka enkingeni.
  - B Ukugibela esihlahleni.
  - C Ukucasha emgodini.
  - D Ukuzilethela inhlanhla. (1)
- 1.4 Umuntu onjani 'umngani mbumbulu'?
- A ongaziwa imvelaphi yakhe
  - B ongeyena umngani weqiniso
  - C omude kunabo bonke
  - D ongamethemba okudlula abanye (1)

1.5 Kunezindlela ezingalandelwa ukuvimbela izingane zingangeni kumasayithi anobungozi.

Iyiphi impendulo ehambisana nesitatimende esingenhla?

- A ukuxoxa ngezinhlobo zawo
- B ukulandela imigomo yawo
- C ukuqikelela ukuthi awavuleki
- D ukuziphuca omakhalekhukhwini bazo (1)

1.6 Yimuphi umusho ofingqe kahle umyalezo walesi siqeshana?

- A Thola abangani abanothando ezinkundleni zokuxhumama.
- B Hlonipha abangani obathola ezinkundleni zokuxhumana.
- C Khetha abangani abanenhlonipho ezinkundleni zokuxhumana.
- D Qaphela abangani abatholakala ezinkundleni zokuxhumana. (1)

1.7 Yiliphi elinye igama elisho 'ukuzazi' elisendabeni?

- A ukuzigqaja
- B ukuqaphela
- C ukuxhumana
- D ukwethembeka (1)

1.8 Iyini inhloso yombhali yokusibhalela lesi siqeshana?

- A Ukuziqhelelanisa nezinkundla zokuxhumana.
- B Ukufundisa abantu abasha ukuzehlukhanisa nabangani ababi.
- C Ukuxwayisa abazali nezingane ngobungani obenzeka ezinkundleni zokuxhumana.
- D Ukwahlulela abantu abasha abasebenzisa u-Facebook. (1)

1.9 Ungabomethemba umuntu ubothemba itshe. (Isigaba sesi-2).

Isho ukuthini le nkulumo?

- A Abantu bathembela ezeni.
- B Umuntu uyashintsha akathembeki.
- C Akukuhle ukungathembeki ebantwini.
- D Abantu bangakumangaza ngezenzo zabo. (1)

1.10 Kungaba yini umphumela wokuya endaweni ongayazi nomuntu ongamazi?

Khetha impendulo eshaya emhlolweni.

- A ungaphatheka kahle
- B kungaba nobungozi
- C ungaphathwa ikhanda
- D ungaba nengcindezi (1)

1.11 Khetha incazelo ehlukile kunalena esesiqeshini yegama elithi 'xhumana.'

- A Ukuzibuka esibukweni.
- B Ukuzithathela izinqumo.
- C Ukuhlanganisa izinto ezimbili nangaphezulu.
- D Ukuqhudelana nezinye izikole. (1)

1.12 Izinkundla zokuxhumana zibalulekile kodwa azibudingi ubudedengu.

Ungacophelela kanjani ukugwema lobu budedengu?

- A Ukungabinayo inombolo yephini.
- B Ukuboleka umngani inombolo yephini.
- C Ukwabelana nabangani ngenombolo yephini.
- D Inombolo yephini yakho ayingaziwa muntu. (1)



1.13 Zehluka ngani izinkundla zokuxhumana kunezindlela zokuxhumana zakudala?

- A Zihlukanisa abangani.
- B Ziletha ukuthula.
- C Zingaba nobungozi.
- D Zizondwa abaningi. (1)

1.14 Sichazani isaga esithi, 'isalakutshelwa sibona ngomopho'.

Khetha impendulo efanele.

- A Ukungalaleli izexwayiso kungakufaka engozini.
- B Ukubonakala komopho kuwe.
- C Ukungakwazi ukuzilwela.
- D Ukulalela ngezikhathi zonke. (1)

1.15 Wawungazizwa kanjani uma uthola amaqiniso atholwa umzali wentombazane kumakhalekhukhwini wayo?

Khetha impendulo eshaya emhlohlweni.

- A Ngangingazizwa ngingumqemane.
- B Ngangingazizwa ngibuhlungu ngiyisehluleki.
- C Ngangingazizwa ngibalulekile.
- D Ngangingazizwa ngenelisekile. (1)

1.16 Nikeza lesi siqeshana esinye isihloko esingasifanela.

- A Ingozi yokwethemba konke okuthola ezinkundleni zokuxhumana.
- B Ubundlobongela obunhlobonhlobo ezikoleni.
- C Ingcindezi nesiyezi kuyatholakala ezinkundleni zokuxhumana.
- D Ithemba lami likubangani. (1)

- 1.17 Khetha umusho onezimpawu zokuloba ezifanele kulena elandelayo.
- A Kufanele uyekele! Kumemeza umama, ukuhlala ugqolozele umakhalekhukhwini kuzophazamisa izifundo zakho.
  - B “Kufanele uyekele! Kumemeza umama, ukuhlala ugqolozele umakhalekhukhwini kuzophazamisa izifundo zakho.
  - C “Kufanele uyekele, Kumemeza umama, ukuhlala ugqolozele umakhalekhukhwini kuzophazamisa izifundo zakho!”
  - D “Kufanele uyekele!” kumemeza umama. “Ukuhlala ugqolozele umakhalekhukhwini kuzophazamisa izifundo zakho”. (1)

- 1.18 Abachukuluzi nezidlamlilo bagcina belandela labo ababathole ezinkundleni zokuxhumana.

Lisho ukuthini igama elithi ‘izidlamlilo’ kulo musho ongenhla?

- A Izilwane ezidla izithelo kanye nemifino.
  - B Abaphuza amanzi eduze komlilo.
  - C Abantu abesabisa labo abahlangana nabo.
  - D Yilabo abathanda ukuzivocavoca. (1)
- 1.19 Chaza isimo sombhali walesi siqeshana.

- A Ukhathazekile ngokwanda kobungozi obenzeka ezinkundleni zokuxhumana.
- B Ucasukile ngezingane zakhe ezingalaleli.
- C Uyakhuthazeka ngokusetshenziswa kwezinkundla zokuxhumana.
- D Udidekile ngokwenzeka kulezi zinsuku. (1)

- 1.20 Ingabe lesi siqeshana sibhekiswe kobani?

- A Kulabo abalalela umsakazo nababukela umabonakude.
- B Kubathandi bebhola lezinyawo.
- C Kumantombazane ahlala nonina bodwa.
- D Kuwo wonke umuntu osebenzisa izinkundla zokuxhumana. (1)

1.21 Bazali musani ukulala ubuthongo izingane zibe zingena enkingeni.

Yimuphi umuzwa ovezwa yilesi sitatimende?

- A ukujabula
- B ukumangala
- C ukukhathazeka
- D ukucasuka (1)

1.22 Wazenzela uphenyo lwakhe lwangasese umzali wathola ukuthi isigelekeqe.

(Isigaba sesi-6)

Akhuthazani amazwi ombhali angenhla?

- A Ukukhulumela phezulu uma ucasukile.
- B Ukudonsa izinyawo uma ukhathele.
- C Ukuba nozwelo ngezimo esihlangabezana nazo.
- D Ukuthatha izinyathelo uma kukhona okusolayo. (1)

1.23 Ithini ingqikithi yalesi siqeshana?

- A Ubuhle babangani ezinkundleni zokuxhumana.
- B Ubungozi bokungaqapheli uma usebenzisa izinkundla zokuxhumana.
- C Ukuhlala ukhiye indlu ngenxa yobugebengu kuhle.
- D Ukudelela kwezingane akusabekezeleki. (1)

1.24 Ucabanga ukuthi umbhali esiphethweni salesi siqeshana ugqamisa ukuthini?

- A Uthuthukisa ingqalasizinda yezwe lakithi
- B Ujabulisa izigelekeqe nokuziyengela ophathe.
- C Uxwayisa abazali nokufundisa izingane ngezinkundla zokuxhumana.
- D Uxoxa nabangani bakhe ezinkundleni zokuxhumana. (1)

1.25 Ungaba yini umphumela wokufunda lesi siqeshana?

A Ukuvuleka kwamehlo mayelana nezinkundla zokuxhumana.

B Ukuqhubeka uzisebenzise yize zinobungozi.

C Ukufisa into yomunye umuntu noma injani.

D Ukuhlukana nomakhalekhukhwini wakho.

(1)

**[25]**

## Umbuzo 2: Umbhalo obukwayo

### 2.1 Iphosta

Funda le phosta engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ukudla Okunempilo**

Uma udla ukudla okunempilo ubamuhle uthandeka njengemali.

Yidla izinhlobo ezihlukene zokudla.

Yidla kakhudlwana ngemuva kokuhlaselwa ukugula.

Zivocavoce ngezikhathi zonke.

Thola usizo olusheshayo uma ungenwa izifo ezithathelanayo.

Phuza amaphilisi anamavithamini.

Funda amaqhinga okumelana nokukhathazeka.

Nakekela indlela ogcina ngayo ukudla.

Yenza Umnyango Weempilo:  
Nutrition Services

[Icashunwe ku [www.departmentofhealth.co.za](http://www.departmentofhealth.co.za) yabuye yahlelwa kabusha]

2.1.1 Shono uhlobo lomkhiqizo okhangiswayo kule phosta.

- A Ukudla okunempilo.
- B Ukudla okubizayo.
- C Isexwayiso ngokudla okukhuluphalisanayo.
- D Ukudla okungenampilo.

(1)

2.1.2 Ingabe le phosta ibhekiswe kobani?

- A Kubantu abathanda izithelo.
- B Kubafundi bamabanga aphezulu.
- C Kuwo wonke umuntu.
- D Kubantu abafisa ukuqala amabhizinisi. (1)

2.1.3 Kungani kusetshenziswe ifonti egqamile esihlokweni sale phosta?

- A Ukugqugquzela uthando kubathengi.
- B Ukugqamisa ubuhle besithombe.
- C Ukuba abafundi bafunde umbhalo.
- D Ukuheha abantu ukuthi bafunde ngokudla okunempilo. (1)

2.1.4 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kule phosta?

- A Isifaniso
- B Isingathekiso
- C Ukwenzasamuntu
- D Ukwenzasasilwane (1)

2.1.5 Umbhali uhlose ukudlulisa muphi umyalezo ngokuveza iphosta enezithelo.

- A Ukhuthaza ukusetshenziswa kwemibala egqamile.
- B Akukuhle ukusutha kuze kweqe ungagula.
- C Ubonisa abafundi ngokubaluleka kokudla okunempilo.
- D Ukuba nomdladla namandla kubonisa impilo. (1)

**[5]**

## 2.2 Ikhathuni

Funda le khathuni bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 2.2.1 Bakuphi laba bantu? (1)
- 2.2.2 Ucabanga ukuthi banabudlelwano buni laba bantu abakule khathuni? (1)
- 2.2.3 Inkulumo yalo wesifazane iveza muphi umuzwa? (1)
- 2.2.4 Yiliphi ihlaya elivezwa umbhali wale khathuni ngalo wesifazane? (2)

- 2.2.5 Yikuphi okubonayo okukhombisa ukuthi umthengisi umangele? (2)  
Chaza ukuthi umangazwa yini.
- 2.2.6 Ingabe i-Slay queen sizizwe kanjani ngemuva kokuzwa amazwi avela (1)  
kumthengisi?
- 2.2.7 Yimuphi umyalezo odluliswa umbhali wale khathuni? (1)
- 2.2.8 Ngokubuka isithombe ucabanga ukuthi ama-Slay queen aphila impilo (1)  
enjani? Phendula ngegama elilodwa.

**[10]**



### Umbuzo 3: Ukufunda Nokubukela

#### Ukufingqa

Funda lesi siqeshana esimayelana nokuthi **ungakuvimbela kanjani ukulahleka kwezinwele ngemikhiqizo yemvelo** bese usifingqa ngokulandela imiyalelo elandelayo.

1. Bhala amaphuzu **ayisikhombisa** ngemisho egcwele noma ngesigaba.
2. Bhala izinombolo zomusho wakho kusukela kumusho - 1 kuye – 7 noma isigaba.
3. Bhala iphuzu **elilodwa** emshweni.
4. Sebenzisa amagama **akho** lapho kufanele khona.
5. Fingqa ngamagama angama- 70 kuya kwangama- 80.
6. Bhala inani lamagama owasebenzisile uwafake kubakaki ekugcineni kwesigaba.
7. Ungabe usasibhala isihloko.

#### **Ungakuvimbela kanjani ukulahleka kwezinwele ngemikhiqizo yemvelo**

Ngaphambi kokufaka noma imuphi umkhiqizo ezinweleni kufanele sigcine izindlela ezithile ezibalulekile ukuze izinwele zethu zibe seqophelweni eliphezulu. Okufanele uzibuze kona ngokuthi ingabe yiziphi izimbangela ezenza uqothukelwe yizinwele, lapho imbangela usuyitholile usungaqala-ke ulungise. Phuza amalitha amabili amanzi njalo ngosuku ukuze igazi lizogijima ngendlela efanele. Lokhu kuthinta ngqo ukuhamba kahle kwegazi okuthwala izakhi zomzimba.

Enye yezinsika eziyisisekelo zempilo enhle ukuba udle ukudla okunezakhamzimba. Khulisa inani lezakhamzimba ekudleni kwakho ukuze izinwele zondleke. Amavithamini anghobonhlobo afana namaVithamini A, C kanye no E, amaProtheni, amaMinerali njll, ayadingwa yizinwele zethu ukuze zibe nempilo.

U-anyanisi unojusi wawo ongaphakathi onezakhi ezisebenzayo ezithuthukisa ukusakazeka kwezinwele ekhanda. Gcoba ujusi ka-anyanyisi ezinweleni zonke bese uwushiya usebenza imizuzu engama-30.

Yize iphunga lika-anyanisi liqinile, le ndlela yokwelashwa kufanele izanywe njengoba isebenza ngempumelelo.

Ujusi wamagilebhisi abomvu ungasetshenziswa njengesithako esihlobene nokulahleka kwezinwele. Phuza ujusi wamagilebhisi abomvu okungenani kanye ngosuku ukuze izinwele zakho zondleke. Ujusi wamagilebhisi abomvu ukhuthaza ukusebenza okuhle komzimba kanye negalelo lezakhamzimba ezibalulekile, wehlisa ukuluma kwekhanda, uqede inkwethu ubuye unyuse izinga lokuhamba kwegazi emzimbeni nokuyinto ebalulekile kakhulu kumuntu.

Uma ungakaze usebenzise i-*Rosemary* ezinweleni zakho uphuthelwa okukhulu. I-*Rosemary* ilwa nokulahleka kwezinwele, ibuye ivuselele ukukhula kwezinwele ezinqinile futhi ezinempilo. Geza ngamanzi e-*Rosemary* nsuku zonke ukulwa nokulahlekelwa umbala wezinwele kanye nokuqeda inkwethu. Amanzi abilisiwe afakwa izihlahla ze-*Rosemary* ayasebenza ukulwisana nezinkinga eziningi zezinwele.

Uwoyela kakhukhunathi yisithako esiyisisekelo uma kukhulunywa ngokukhetha izimonyo zemvelo. Abantu abaningi basebenzisa uwoyela kakhukhunathi ezinweleni ngenxa yokuthi wenza izinwele zibukeke zinempilo futhi uphinde ulawule ukuqubuka kwenkwethu eziqinile zezinwele. Sebenzisa uwoyela kakhukhunathi kaningana ngesonto ukushiya izinwele zithambe ngendlela ejabulisayo. Izinwele ezilimele zingathola lo woyela ukuze zibe zinhle. Abezempilo bayasincoma kakhulu lesi sithelo, lokhu kwenziwa yifayibha, izikhiphabuthi, amaVithamini kanye namaMinerali atholakala kusona.

Izinwele ziyawudinga uwoyela wejoba. Lo woyela uyabiza impela futhi usetshenziselwa izinhloso eziningi, ubuhle nokunakekela izinwele. Gcoba uwoyela wejoba ezinweleni ukubuyisa izinwele ezilahlekile. Lo woyela uphinde uzivikele emisebeni yelanga kanye namanye amakhemikhali agcotshwa ekhanda.

[Isuselwe ku [www.bizzia.com](http://www.bizzia.com) yabuye yahlelwa kabusha]

[10]

Umbuzo 4:

Izakhiwo Nezimiso Zokusetshenziswa Kolimi

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo.

### **Bahlonyiswe ngolwazi osomabhizinisi**

- 1 Banikwe izitifiketi, base bekhuthazwa nangokucabanga basabalalise ukuthuthukisa amabhizinisi abo. Osomabhizinisi bajabulele izitifiketi. Kube ngusuku oluyingqayizivele kosomabhizinisi abancane abangaphansi kukaMasipala waseMtubatuba bemukela izitifiketi. Lezi zitifiketi bezihambisana namavawusha we-R3 000 ukufukula amabhizinisi abo ngemuva kokuqeqeshwa ngaphansi kohlelo lwalo Masipala.
- 2 Kulo mcimbi obungoLwesihlanu, kuhlomule osomabhizinisi abayi-113, abadayisa emgwaqeni, emva kokuchitha isonto becotshelelwa ngolwazi olungabasiza ukukhulisa amabhizinisi abo. Bebecathuliswa ngabe W&R Seta ngokubambisana nabeMthimkhulu Trading Solution. Ngaphansi kwalolu hlelo, labo somabhizinisi bebefundiswa ngezindlela abangakhulisa ngazo amabhizinisi abo, ukubaluleka kokonga nokuqinisekisa ukuthi abakudayisela amakhasimende abo, kusesimweni esihle ngaso sonke isikhathi.
- 3 Bakhale ngezingqinamba eziningi ababhekana nazo okubalwa kuzo ukwanda kosomabhizinisi bangaphandle, bathe bakuthokozele ukuqeqeshwa nokunikwa amacebo okukhulisa amabhizinisi abo. UNksz. Nokukhanya Zulu othi useneminyaka engaphezulu kwemihlanu edayisa emgwaqeni yedolobha laseMtubatuba, uthi kuningi akuzuzile. Uqhube wathi ukudayisa kuyinto enhle nengakwenza ugcine ungumacaphuna kusale uma nje uvule ingqondo. Uthe isipho sevawusha sizomlekelela ekuthengeni okuhlukile azokudayisa. “Ngidayisa izitshalo nezithelo, kodwa le vawusha ingicabangisa okunye okuhlukile engingakudayisa, kungingenisele imali ngibe ngiqhubeka nalokhu okujwayelekile,” kusho uNksz. Zulu. IMeya yaseMtubatuba, uMnu. Mxolisi

Mthethwa ithe, “Noma izingqinamba zikhona kulabo somabhizinisi, kodwa kumele bagxile ekuzithukiseni. Lolu hlelo ngelokuthi nifunde izindlela ezahlukene zokuzikhulisa ukuze ninakekele amakhaya, nifundise izingane ezikhungweni zemfundo ephakeme. Kubalulekile nokuthi uma nidayisa endaweni eyodwa, ningabe senidayisa into eyodwa nonke, ukuze nonke nizokwazi ukugoduka kukhona enikutholile. Ukuba sendaweni eyodwa nonke nidayisa ubhanana, kugcina kunixabanisa uma sekuthengwa koyedwa, lokhu kumele nikugweme ngokudayisa izinto ezahlukene” kusho iMeya.

- 4 Ukhuthaze izisebenzi zikaMasipala waseMtubatuba ukuba zibe nosuku nje lapho zizothenga khona izitshalo kulabo somabhizinisi. IMeya uMthethwa yabuza ukuthi, uma bengaxhaswa yibona balindele ukuthi baxhaswe ngobani? Umbono abanawo njengoMasipala, bathe bazokwenza indawo ezoba yi-*flea market* ibe seduze nomgwaqo onguthelawayeka, uN2 lapho abadayisi bezohlangana khona ukuze kuthengiselwe izivakashi ezidlulayo. “Lapho siyohlanganisa osomabhizinisi abahlukene, okubalwa kubo nabanezindawo zokulala ukuba bazokhangisa ngezindawo zabo, abadayisa izigqoko, imisebenzi yezandla nabazitshalo badayise ngalokho abanakho,” kuqhuba iMeya. Imenenja kaMasipala, uMnu Thami Xulu, ithe bazoqhubeka nokwenza izinhlelo zalolu hlobo, ngoba bayaqonda ukuthi osomabhizinisi baneqhaza ekukhuliseni umnotho waleli dolobha.

[ Icashunwe ephaphandabeni iLanga Mashu 27-29 2023]

### **Iglosari:**

Flea market: Indawo engaphandle lapho kudayiswa khona izimpahla ezisetshenzisiwe ngamanani aphansi.

- 4.1 Hlobo luni lwebizo igama elithi ‘umcabango’ (Isigaba soku-1)?

- A elibonakalayo
- B elingabonakaliyo
- C elithintekayo
- D ibizoqho

(1)

4.2 Osomabhizinisi bajabulele izitifiketi.

Shono uhlobo lomusho olusetshenzisiwe ngenhla.

- A ombaxa
- B oqondile
- C omagatshagatsha
- D ophoqayo (1)

4.3 Yiliphi igama elimqondofana negama elithi 'isonto' ngokusembhalweni (Isigaba -2)?

- A isikhathi
- B usuku
- C iviki
- D isitolo (1)

4.4 Yiliphi igama elinomqondophika negama elithi 'khala' (Isigaba-3)?

- A hleka
- B dumala
- C phoxeka
- D hwaqabala (1)

4.5 Lokhu kumele nikugweme. (Isigaba sesi-3)

Kula magama owanikeziwe khetha elingachaza kahle umusho ongenhla.

- A nikukhuthaze kahle
- B nikunqande kungenzeki
- C nikugqugquzele njalo
- D nikugqamise nakwabanye (1)

4.6 Bakuthokozele ukuqeqeshwa nokunikwa amacebo okukhulisa amabhizinisi abo. Bekhala ngezingqinamba eziningi ababhekana nazo.

Hlanganisa le misho ngesihlanganiso esifanele.

- A uma
- B nakuba
- C kodwa
- D ngoba (1)

4.7 Hlobo luni lwesichasiso igama elithi 'okuningi'?

- A Isibaluli
- B Ongumnini
- C Isiphawulo
- D linani (1)

4.8 Hlobo luni lwesandiso igama elithi 'emgwaqeni'?

- A sesimo
- B sendawo
- C senkathi
- D senani (1)

4.9 Osomabhizinisi abancane bajabulele izitifiketi.

Guqula umusho ongenhla uwuqale ngomenziwa.

- A Iziphiketi zijatshulelwe osomabhizinisi abancane.
- B Zijatshulelwe osomabhizinisi izitifiketi abancane.
- C Abancane osomabhizinisi bajabulele izitifiketi.
- D Osomabhizinisi bajabule abancane izitifiketi. (1)

4.10 Ukuba sendaweni eyodwa nonke nidayisa ubhanana, nigcina 'nixabana' uma sekuthengwa koyedwa.

Igama 'nixabana' lingelinye lamagama abhalwa apelwa ngokufana kodwa ebe esho izinto ezingafani. Ingabe lingena kumaphi amagama?

- A amqondophika
- B amqondofana
- C omabizwafane
- D ophimbohluka (1)

4.11 Ngonjani umuntu okuthiwa ungumacaphuna kusale.

- A ophila ngokuzizamela
- B osebenza kahle
- C onezidingo eziningi
- D ophila kahle ocebile (1)

4.12 Nikeza igama eliphelele lalesi sifinyezo Nksz.

- A Nkosikazi
- B Nkosazana
- C Nkosana
- D Mnumzane (1)

4.13 Bakhona o-anyanisi etafuleni losomabhizinisi.

Lenze muphi umsebenzi uphawu lokuloba ikhonco (ideshi) kulo musho?

- A uyababaza
- B uyacaphuna
- C ukuphumula
- D lihlukanisa ukulandelana konkamisa (1)

4.14 Lolu hlelo ngolokuthi nifunde izindlela ezahlukene.

Hlobo luni lwesabizwana igama elithi 'lolu'?

A soqobo

B songumnini

C sokukhomba

D senani

(1)

4.15 Usomabhizinisi usebenzise ithuba alinikeziwe ukuzithuthukisa.

Khetha umusho okhomba ubuningini.

A Usomabhizinisi basebenzise ithuba alinikeziwe ukuzithuthukisa.

B Osomabhizinisi basebenzise amathuba abawanikeziwe ukuzithuthukisa.

C Usomabhizinisi usebenzise amathuba alinikeziwe akuzithuthukisa.

D Osomabhizinisi usebenzise amathuba alinikeziwe ukuzithuthukisa.

(1)

4.16 Khetha umusho osenkathini ezayo.

A Singahlanganisa osomabhizinisi abahlukene.

B Sahlanganisa osomabhizinisi abahlukene.

C Sizohlanganisa osomabhizinisi abahlukene.

D Sesihlanganise osomabhizinisi abahlukene.

(1)



4.17 IMeya uMthethwa yabuza ukuthi, uma bengaxhaswa yibona balindele ukuthi baxhaswe ngobani?

Khetha inkulumongqo ebhaleke kahle.

- A “Uma bengaxhaswa yithina, silindele ukuthi baxhaswe ngobani?”  
Kubuza iMeya uMthethwa.
- B Uma bengaxhaswa yithina Mthethwa, silindele ukuthi baxhaswe ngobani.
- C “Uma bengaxhaswa yibona balindele ukuthi baxhaswe ngobani,”  
Kubuza iMeya uMthethwa.
- D “IMeya uMthethwa ithi uma bengaxhaswa yithina silindele baxhaswa ngubani.” (1)

4.18 Kule misho elandelayo khetha lowo oqukethe ulimi oluveza inkoleloze?

- A Amabhizinisi angaphathwa yinoma ubani.
- B Uma ungusomabhizinisi kuba nenzuzo oyitholayo ngebhizinisi lakho.
- C Kukhona amabhizinisi amancane namakhulu.
- D Abantu besifazane banenkinga yokuphatha amabhizinisi. (1)

4.19 Nikeza umsebenzi o lethwa yisigaba soku-1 endabeni.

- A Ukwethula abalingiswa, isizinda kanye nesisusa sodweshu.
- B Ukuphetha iphinde yethule isihloko.
- C Ingumbhalo ofundwayo.
- D Ukuveza okuhle ngendaba. (1)

4.20 Uthini umqondo osobala walesi sihloko?  
'Bahlonyiswe ngolwazi osomabhizinisi'

- A Bancishwe ulwazi osomabhizinisi.
- B Abanikwangwa lutho olubalulekile.
- C Baphucwe ulwazi osomabhizinisi.
- D Bathuthukiswe ngolwazi osomabhizinisi.

(1)

**[20]**

**Ukuphela kokuhlola**

